Isifundo 1 **Zibandlela 25-31*

Incwadi KumaHeberu Nathi

NgeSabatha Ntambama

Kuleli viki funda ku: *AmaHeberu 2:3, 4; 1 Petru 4:14, 16; Heb. 13:1-9, 13; 1 Kings 19:1-18; Heberu 3:12-14; Numeri 13.*

Indimana Yekhanda: **Indimana Yekhanda: "Ngokuba nidinga ukubekezela, ukuze seniyenzile intando kaNkulunkulu namukele isithembiso"** *(Heberu 10:36)***.**

Wake wacabanga ukuthi kwakungaba njani ukuzwa uJesu, noma oyedwa wabaphostoli eshumayela? Sineziqeshana ezibhaliwe zezinye zezintshumayelo zabo, kodwa zisizwisa okuncane-nje ngokuthi kwakunjani ukubalalela. Kodwa uNkulunkulu usilondolozele eMibhalweni okungenani intshumayelo eyodwa ephelele; incwadi kaPawulu kumaHeberu.

UPawulu, umbhali wencwadi yamaHeberu, ubiza umsebenzi wakhe njengezwi lokuyala *(Heb. 13:22)*. Lamazwi asetshenziselwa ukuchaza intshumayelo, emasinagogeni *(Izenzo 13:15)* nasezinkonzweni zamaKrestu *(1 Thimothewu 4:13)*. Kanjalo-ke kunombono othi amaHeberu iyona "ntshumayelo endala kunazo zonke ephelele yamaKrestu" esinayo. Incwadi yamaHeberu yayibhalelwe abazalwane abamukela uJesu, kodwa bahlangabezana nezinkinga. Abanye bahlukunyezwa esidlangalaleni, bathelwa ngehlazo (Heb. 10:32-34). Abanye babebhekene nezinkinga zezimali *(Heb. 13:5, 6)*. Abaningi basebekhathele, aaqala nokungabaza ukukholwa kwabo *(Heb. 3:12, 13)*. Bakhona yini phakathi kwethu namhlanje abakuleso simo?

Umphostoli, entshumayelweni enamandla, ubaphonsela inselelo, nathi futhi, ukuthi babekezele bekholwa kuJesu, bagxilise amehlo abo kuJesu osethempelini lasezulwini manje.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha likaMasingana 22.*

Isiqalo Esikhazimulayo

Ukuze siqondisise lentshumayelo, futhi siyisebenzise ezimpilweni zethu, siding ukuqonda umlando walelo bandla nesimo salo ngesikhathi bethola lencwadi evela kumphostoli.

Funda: kumaHeberu 2:3, 4. Sasinjani isimo sabazalwane bamaHeberu besanda kuphenduka?

_____

_____

Lesicaphuno sitshengisa ukuthi abazalwane bamaHeberu babengazizwelanga bona uJesu eshumayela; kunalokho, babethole ivangeli ngabanye abavangeli ababatshela ngezindaba zosindiso.

UPawulu ubuye athi abavangeli "baqinisa" umlayezo abawuthunyelwe, nokuthi uNkulunkulu uqobo wafakaza kanye nabo ngezibonakaliso nangezimangaliso. Lokhu kusho ukuthi uNkulunkulu waqinisa ivangeli ngendlela ebonakalayo ngokusebenzisa izibonakaliso nezinye izenzo zamandla—phakathi kwazo kukhona ukusatshalaliswa kwezipho zikaMoya oyiNgcwele. ITestamente eliSha lithi izibonakaliso ezifana nokuphulukiswa, ukukhishwa kwamademoni, nokuthululwa kwezipho zikaMoya zazivamile ukuhambisana nokushunyayelwa kwevangeli ezindaweni ezintsha.

Ngesikhathi sokuphenjwa kwebandla lobuKrestu, uNkulunkulu wathulula uMoya waKhe phezu kwabaphostoli eJerusalema ukuze bakwazi ukumemezela ivangeli ngezilimi ababekade bengazazi, bakwazi nokwenza izimangaliso *(Izenzo 2, 3)*. UFiliphu wenza izimangaliso ezinjalo eSamariya *(Izenzo 8)*, uPetru eJopha naseKhesariya *(Izenzo 9, 10)*, uPawulu yena eAsiya naseYurophu (Izenzo 13-28) sonke isikhathi engumphostoli. Lezenzo ezinamandla zaziwubufakazi obubonakalayo obabuqinisa isigijimi "sosindiso"—ukwesekwa kombuso kaNkulunkulu nokusindiswa ekulahlweni, nokukhululwa emandleni obubi *(Heb. 12: 25-29*).

UMoya wanika amaKrestu akuqala isiqinisekiso sokuthi izono zabo zithethelelwe; ngakhoke, babengakwesabi ukwahlulelwa, okwaba nomphumela wokuthi imithandazo yabo babeyenza ngesibindi, bakhonza ngenjabulo (Izenzo 2:37-47). Futhi uMoya wakhulula labo ababegqilazwe amandla obubi, okwaba ubufakazi obunamandla bokuthi amandla kaNkulunkulu makhulu kunamandla obubi, kwacaca ukuthi umbuso kaNkulunkulu sewusekiwe ezimpilweni zabo.

Ithini eyakho indaba yokuphenduka kwakho? Yiziphi izindlela othole ngazo isiqiniseko sokukholwa kwakho kuJesu Krestu njengoMsindisi wakho neNkosi yakho? Kungani kukuhle ngesinye isikhathi ukukhumbula indlela uNkulunkulu asebenza ngayo ukukudonsela kuYena?

Umshikashika

Ngesikhathi abazalwane bevuma ukukholwa kwabo kuKrestu, bezihlanganisa nebandla, badweba umugqa ongumgcele obahlukanisa nezwe. Ngeshwa, lokhu kwabanga ukungqubuzana ngoba kwabukeka sengathi umphakathi wonkana nezimiso zawo sewubukelwa phansi.

Funda: kumaHeberu 10:32-34 namaHeberu 13:3. Ngemuva kokuphenduka kwabo abazalwane bamaHeberu, baba abantu abanjani?

_____

_____

Kunokwenzeka ukuthi laba ababebhalelwe lencwadi bahlukunyezwa ngamazwi nasemzimbeni yizixuku ezazishoshozelwa abaphikisana nabo *(njengakuZenzo 16:19-22, Izenzo 17:1-9)*. Baphonswa nasejele, futhi kungenzeka ukuthi babeshaywa nokushaywa, ngesikhathi bephonswa imibuzo ngoba izikhulu zazinamandla okujezisa nokubopha ngaphandle kokulandela izimiso zomthetho ezifanele *(njengakuZenzo 16:22-23)*.

Funda: kumaHeberu 11:24-26 no 1 Petru 4:14, 16. Okwenzeka kuMose nakulabo ababefunda uPetru wokuqala kusisiza kanjani ukuthi siqonde ukuthi kungani amaKrestu ayehlushwa na?

_____

_____

"Ukuthwala ihlazo ngenxa kaKrestu" kwakusho ukuzibandakanya naYe, nokuhlukumezeka okuhambisana nalokho kuzibandakanya. Ukuzondwa kwamaKrestu emphakathini kwakuwumphumela wokuphila kwawo okuwehlukanisa nabanye abantu. Abantu bayadinwa yindlela yokukholwa abangayiqondi kahle nabantu abaphila ngendlela eyenza bona bazizwe benecala noma amahloni. Phakathi nomnyaka-khulu wokuqala, uTacitus wathi amaKrestu "anenzondo ngakwabanye abantu."—Alfred J. Church and William J. Brodribb, trans., *The Complete Works of Tacitus*, (New York: The Modern Library, 1942) Annals 15.44.1. Noma ngabe isizathu salezo zinsolo sasiyini, kodwa sasingelona iqiniso. AmaKrestu amaningi, njengalawo ayebhalelwa nguPawulu, ayehluphekela inkolo yawo.

Wonke umuntu uyahlukumezeka—noma umKrestu noma cha. Kodwa-ke, kusho ukuthini ukuhlupheka ngenxa kaKrestu? Kungakanani ukuhlukumezeka esidlula kukho okungenxa kaKrestu? Futhi kungakanani esizidonsela khona thina ngenxa yezinqumo zethu?

Ukucobeka Umzimba

Ababebhalelwe incwadi yamaHeberu baphumelela ukugcina ukukholwa kwabo nokuzinikela kuKrestu, nakuba babehlushwa, bekhishwa nenyumbazana. Kodwa umshikashika waba nomthelela kubona ekuhambeni kwesikhathi. Balwa ukulwa okuhle, banqoba, kodwa bacobeka.

Funda: amaHeberu 3:12, 13; Heberu 4:15; Heberu 10:25; Heberu 12:3, 12, 13; namaHeberu 13:1-9, 13. Yiziphi ezinye zezinselelo ezazibhekene nabazalwane?

_____

_____

EyamaHeberu isitshela ukuthi ababeyifunda baqhubeka nokuhlangabezana nobunzima. Ukuthukwa kanye nezinye izindlela zokuhlaselwa kwenkolo yabo *(Heb. 13:13)*. Abanye abazalwane babesesejele *(Heb. 13:3)*—okuyinto eyalimaza ibandla ngasezimalini nasemqondweni. Babecobekile *(Heb. 12:12, 13)*, kwakulula ukuthi baphelelwe yithemba *(Heb. 12:3, NIV)*.

Kujwayelekile ebantwini nemiphakathi ukuthi uma sekudlule intokozo yokunqoba, baqale baxegise ukuqapha ngokomqondo nokunye, ngaleyo ndlela babe yizisulu zokuhlaselwa yizitha zabo. Amandla atshengiswa umuntu noma umphakathi ukubhekana nengozi, akulula ukuwabuyisa okwesibili.

Funda: ku 1 Amakhosi 19:1-4. Kwenzekani kuEliya?

_____

_____

Kodwa okuvame ukulandela isenzo esigqamile sokukholwa nodumo lwempumelelo kwakunyonyobela uEliya. Wayenovalo lokuthi lemvuselelo eyaqala entabeni iKharmeli yayingase isheshe ifiphale; waqala wangenelwa umoya wokudangala. Wayekade esesiqongweni sePisga; manje wayesesigodini. Ngesikhathi esephansi kokuphefumulelwa nguSomandla, wayemelene nezilingo zokukholwa ezinzima; kodwa ngalesikhathi sokudangala, ukwesabisa kukaJezebele kunkenteza ezindlebeni zakhe, noSathane ebonakala ephumelela ngokusebenzisa uJezebele oyisikhohlakali, wadedela isandla sikaNkulunkulu. Wayekade esezingeni eliphakeme ngokungechazwe, nomphumela walokho wawumkhulu. Ngokukhohlwa nguNkulunkulu, uEliya wabaleka njalo njalo, waze wazithola esehlane, eyedwa."—Ellen G. White, *Prophets and Kings*, pp. 161, 162.

Cabanga ngalezo zikhathi lapho wasilela khona empilweni yakho yobuKrestu, uzame ukuthola izizathu ezaba nomthelela kulokho kusilela. Yini okwakumelwe uyenze ngenye indlela?

Bambisanani

Umphostoli wabayala ukuthi benzeni abafunda lencwadi mayelana nesimo sabo na? Yini esingayifunda kumaHeberu, olungasisiza? Ake sihlaziye ukuthi uNkulunkulu wamsiza kanjani uEliya ukuze anqobe ukudangala kwakhe.

Funda: ku 1 Amakhosi 19:5-18. Wenzani uNkulunkulu ukubuyisela ukukholwa kukaEliya inceku yaKhe na?

_____

_____

_____

Indlela uNkulunkulu aphatha ngayo uEliya ngemuva kokwenzeka eKharmeli, iyathathekisa ngoba itshengisa ukunaka kobumnene nokuhlakanipha uNkulunkulu asebenzela ngayo labo abaphansi kwesimo sokudikibala, abasemshikashikeni wokubuyela ekukholweni. UNkulunkulu wenzela uEliya izinto eziningi. Okokuqala, wanakekela izidingo zakhe zasemzimbeni. Wamhlinzeka ngokudla, wamupha uthuba lokuphumula. Kwase kuthi-ke emgedeni, wamkhuza ngobumnene ethi: "Wenzani lapha Eliya na?"—wamsiza ukuthi aqonde kangcono ngendlela asebenza ngayo ukufeza izinhloso zaKhe. UNkulunkulu wayengekho esivunguvungwini, nasekuzamazameni komhlaba, nasemlilweni, kodwa wayesezwini elincane elimnene. UNkulunkulu wase enika uEliya umsebenzi okwakufanele awenze, wamnika nesiqiniseko.

Funda: kumaHeberu 2:1, Heberu 3:12-14, Heberu 5:11-6:3, namaHeberu 10:19-25. UPawulu wacebisani leyo okumelwe yenziwe abakholwayo?

_____

_____

Kuyo yonke eyamaHeberu singathola iziyalo eziningi ezanikwa ngumphostoli kubafundi balencwadi ukuze basizakale ekubuyeleni emandleni nokukholwa kwabo kwakuqala. Umkhakha othile awugcizelelayo umbhali ukunakekela izidingo zasemzimbeni zabazalwane. Ubayala ukuthi baphane, bahambele labo abasemajele, okusho ukubonelela izidingo zabo. Umphostoli unxusa abafundi ukuthi baphane, ebakhumbuza ukuthi uNkulunkulu ngeke abalahle *(Heb. 13:1-6)*. UPawulu uyabakhuza, abuye abakhuthaze. Wabaxwayisa ukuthi bangazitholi sebehlehlele emuva kancane kancane *(Heb. 2:1, ESV)* futhi bangabi nenhliziyo embi yokungakholwa *(Heb. 3:12)*, wabakhuthaza ukuthi bakhule ekuqondeni kwabo ukukholwa *(Heb. 5:11-6:3)*. Wakhuluma futhi ngokubaluleka kokuya enkonzweni sonke isikhathi *(Heb. 10:25)*. Ngamafuphi, wayecebisa ukuthi ababambisane, bakhuthazane, bakhwezele uthando nemisebenzi emihle, kodwa wabuye waphakamisa uJesu nomsebenzi abenzela wona ethempelini lasezulwini *(Heb. 8:1, 2; Heb. 12:1-4)*.

Lezinsuku Zokugcina

Funda: kumaHeberu 1:2; Heberu 9:26-28; Heberu 10:25, 36-38; namaHeberu 12:25-28. UPawulu ugcizelela liphi iphuzu lapha, kakhulukazi mayelana nesikhathi?

_____

_____

Kunephuzu elibaluleke kakhulu aligcizelelayo umphostoli elenza ukunxusa kwakhe kuphuthume: abafundi baphila "ezinsukwini zokugcina" *(Heb. 1:2)* nezithembiso sezizogcwaliseka *(Heb. 10:36-38)*. Kubalulekile, njengoba sizobona, ukuthi kuyo yonke lencwadi, uPawulu uqhathanisa abafundi balencwadi nesizukulwane sasehlane esasimi emngceleni waseKhenani, silungele ukungena ezweni lesithembiso. Ubakhumbuza uthi: "Ngokuba kuseyisikhashana nje, ozayo uyeza, akayikulibala" *(Heb. 10:37, NKJV)*. Bese ebakhuthaza ethi: "Kepha thina asisibo abokuhlehlela ekubhujisweni, kodwa singabokukholwa, kuze kube ngukusindiswa komphefumulo" *(Heb. 20:39, NKJV)*. Lokhu kunxusa kokugcina kwakhumbuza abafundayo, nathi, ngezingozi ezazilokhu zibhekene nabantu bakaNkulunkulu ngaphambi-nje kokugcwaliseka kwezithembiso zikaNkulunkulu.

Incwadi kaNumeri ikhuluma ngayo yona lento. UMbhalo usho kabili uthi, ngaphambi kokungena ezweni lesithembiso, uIsrayeli wehluleka iziwombe ezibalulekile. Esokuqala, esitholakala kuNumeri 13 no 14, sisitshela ngokungabaza okwasatshalaliswa abaholi abaningi ebandleni, kwadodobalisa ukukholwa kukaIsrayeli. Lokho kwaba nomphumela wokuthi ibandla lithathe isinqumo sokukhetha umholi omusha ozobaphindisa eGibhithe, ngesikhathi lapho basebezongena eKhenani.

Esesibili, amaIsrayeli agaxela ekukhonzeni uBhali, inkolo yamanga ehambisana nokufeza izinkanuko zenyama *(Numeri 24, 25)*. Njengoba uBiliyami wehluleka ukuqalekisa uIsrayeli, uSathane wasebenzisa isilingo sokufisa ukuholela uIsrayeli esonweni nenkolo eyize, okwabalethela ulaka lukaNkulunkulu.

Umphostoli uxwayisa abafundayo ngazo zombili lezingozi. Okokuqala, ubanxusa ukuba babambe baqinise isivumo sokukholwa kwabo, nokuthi bagxilise amehlo abo kuJesu *(Heb. 4:q4, Heb. 10:23, Heb. 12:1-4)*. Okwesibili, ubaxwayisa ngezinkanuko nokufisa *(Heb. 14:4-6)*. Okokugcina, ubanxusa ukuthi balalele futhi bahloniphe abaholi babo *(Heb. 13:7, 17)*.

Njengoba sisiqonda kahle kangaka isimo sabafileyo—nokuthi uma-nje sicimeza okokufa, okulandelayo esiyokwazi ukubuya kukaJesu—asisho ngani ukuthi bonke abantu baphila "ezinsukwini zokugcina"?

_____

Ukujula Nomcabango: UDavid A. deSilva uchaza ngokusobala isizathu sokuhlushwa kwamaKrestu akuqala: "AmaKrestu ayephila ngendlela eyathathwa ngokuthi iphikisana nendlela yokuphila yomphakathi, kuze kuthiwe avukela umbuso. Ukwethembeka ezithixweni, okwabonakaliswa ngokuya ezindaweni zemihlatshelo yazo nokunye okunjalo, kwakubonwa njengokwethembeka embusweni, emagunyeni, kubangani, nomndeni. Ukukhonza izithixo kwakukhomba ukuzinikela komuntu kulobo budlelwane obuqinisa umphakathi futhi unethezeke. Ngokungayi kulezonkonzo, amaKrestu (njengamaJuda) ayebukwa ngeso elisolayo, efaniswa nezaphulamthetho ezivukela umbuso."—*Perseverance in Gratitude* (Grand Rapids, MI: Eerdmans Publishing Company, 2000, p. 12.)

"Kulabo abadangele, likhona ikhambi—ukukholwa, umthandazo, umsebenzi. Ukukholwa kanye nokusebenza kuletha isiqiniseko nokweneliseka okuzokhula usuku ngosuku. Ngabe uyalingeka yini ngokuthii uzizwe unexhala ngokuzokwenzeka noma ukudangala? Ezinsukwini lapho kumnyama kakhulu, lapho ikusasa lingabonakali, ungesabi. Kholwa kuNkulunkulu. Uyakwazi okudingayo. Unawo wonke amandla. Uthando lwaKhe nesihe saKhe akukhathali. Ungesabi ukuthi uzohluleka ukufeza izithembiso zaKhe. Uyiqiniso laphakade. Akasoze aguqule isivumelwano asenza nalabo abamthandayo. Futhi uyokupha izinceku zaKhe ezithembekile amakhono eziwadingayo. Umphostoli uPawulu ufakaza athi: 'Wathi kimi: Umusa waMi ukwanele: ngokuba amandla aMi apheleliswa ebuthakathakeni….Ngakhoke ngenamile ebuthakathakeni, nasekuphathweni kabi, nasekusweleni, nasekuzingelweni, nasekubandezekeni ngenxa kaKrestu: ngokuba uma ngibuthakathaka, yikhona nginamandla.' 2 Korinte 12:9, 10."—Ellen G. *White, Prophets and Kings*, pp. 164, 165.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1 Kungenzeka yini ukuthi "sehluke" ngenxa yobuKrestu bethu, kodwa khona manjalo, singasolwa ngokuzehlukanisa nokungabanaki abanye? Uma kunjalo, kanjani?

2 Igama elithi "ukunxusa" eBhayibhelini lingase lisho ukukhuza noma ukukhuthaza. Sidinga ukuqaphela kangakanani uma sikhuza umuntu ophelelwe yithemba?

3 Uthola kuphi okufanayo kokwenzeka kubafundi bencwadi yamaHeberu nebandla laseLawodekiya elikuSambulo 3:14-22? Awethu amava namhlanje, ngemuva kweminyaka engu 2 000, afana kanjani nawabo, futhi yini esingayifunda kulokho kufana?